

**Eminye imininingwane yokuthintana
nehhovisi itholakala ku:**

Webhusayithi: www.nda.org.za
Facebook: NDA Adopt an ECD Campaign-RSA
Twitter: @nda_rsa
Instagram: nda_rsa



NDA

National
Development
Agency

**INCWAJANA YOLWAZI
NGEZINHLELO
ZE-NDA**



SINGOBANI THINA?

IHhovisi Likazwelonke Lentuthuko (National Development Agency) (NDA) yihhovisi likahulumeni eligunyazwe ukuthi libe negalelo ekuqedweni kobubha nomsuka wabo eNingizimu Afrika.

IGUNYA LETHU

Igunya-ngqangi lethu ukuba sifake igalelo ekuqedweni kobubha nezimbangela zabo ngokunika izinhlangano zomphakathi (ama-CSO) imali ukuze:

- Ziphumelelise imikhankaso yentuthuko kumiphakathi ehlwempu
- Ziqinise amakhono obunhlangano kuma-CSO aletha izidingo kumiphakathi ehlwempu.

Igunya elilandelayo esilinikeziwe yileli:

- Ukugqugquzela ukubonisana, izingxoxo nokwabelana ngolwazi lwezentuthuko phakathi kwama-CSO nezinye izinhlelo zikahulumeni.
- Ukukhuthaza inkulumompendulwano ngenqubomgomo yezentuthuko kazwelonke.
- Ukwenza ucwaningo nokushicilela okuzoba isisekelo sokwakhiwa kwenqubomgomo yezentuthuko.

INHLOSOMBONO

Ukusiza intuthuko esimeme ngokuqinisa izinhlangano zasemphakathini ezisebenza ngokuqedwa kobubha ngokuzinika amandla ngezimali nocwaningo.

UMBONO

Umphakathi okhululekile enhluphekweni.

YINI ESIYENZAYO?

I-NDA iqinisa izakhiwo zezinhlangano zomphakathi ezisebenza kumiphakathi ehlwempu, ngokuhambisana negunya-ngqangi namanye amagunya alandelayo. Lokhu kube sekuba inzuzo kumiphakathi ehlwempu encike kuma-CSO ukusiza kusheshiswe ukulethwa kwentuthuko nemisebenzi ngokusetshenziswa kwamasumgomo alwisana nobubha nezinhlelo eziphucula amazinga okuphila kumiphakathi esizakalayo.

IZINHLELO ZOKUTHUTHUKISA IZINHLANGANO ZASEMPHAKATHINI

Uhlelo lokuthuthukiswa kwama-CSO luwumgogodla wezinhlalo zakwa-NDA, i-Ajensi eqinisa ngazo Amandla okusebenza ezinhlangano zomphakathi (ama-CSO) ukuba ahlinzeke imisebenzi ngempumelelo kumiphakathi edla imbuya ngothi eziyisebenzelayo. Ihhovisi liyakwamukela ukuthi ama-CSO aneqhaza kwintuthuko anegalelo kwintuthuko yezomnotho, yezomphakathi neyentando yeningi ukuze kufezwe izinhloso ezihlanganyelwe zokuqedwa kobubha nokuphucula izimpilo kumiphakathi ebhekwe ngalolu sizo. Ukuze kwenzeke loku, i-NDA isebenza njengesikhuthazi msebenzi wama-CSO ngoHlelo lwayo Lokuthuthukiswa kwama-CSO olungenelela kulawa maphuzu amane alandelayo:



IHHOVISI LIKAZWELONKE

Ucingo: (011) 018 5500
I-Imeyili: info@nda.org.za
26 Wellington Road
Parktown
Johannesburg
2193

IHHOVISI LESIFUNDAZWE SASE-GAUTENG

Ucingo: 011 492 1494
I-Imeyili: gautengprovince@nda.org.za
Metropolitan Building, 2nd Floor
108 Fox Street
Johannesburg
2001

IHHOVISI LESIFUNDAZWE SASE-LIMPOPO

Ucingo: 015 291 2492
I-Imeyili: limpopoprovince@nda.org.za
66A Market Street
Polokwane
0700

IHHOVISI LESIFUNDAZWE SASE-MPUMALANGA KAPA

Ucingo: 043 721 1226/7
I-Imeyili: ecprovince@nda.org.za
Vincendon Office Park
8 Donald Road
Vincet
East London
5201

IHHOVISI LESIFUNDAZWE SASE-FULEYISITATA

Ucingo: 051 430 2024
I-Imeyili: freestateprovince@nda.org.za
Allied House, 3rd Floor
Cnr Charlotte Maxeke &
Burger Street West
Bloemfontein
9300

IHHOVISI LESIFUNDAZWE SASE-NTSHONALANGA KAPA

Ucingo: 021 422 5175
I-Imeyili: westerncapeprovince@nda.org.za
The Chambers Building, 2nd Floor
50 Keerom Street
Cape Town
8001

IHHOVISI LESIFUNDAZWE SA-KWAZULU NATALI

Ucingo: 031 305 5542
I-Imeyili: kznprovince@nda.org.za
9th Floor, Corporate Place Building
9 Dorothy Nyembe Street
DURBAN
4001

IHHOVISI LESIFUNDAZWE SASE-NYAKATHO NTSHONALANGA

Ucingo: 018 392 6892
I-Imeyili: northwestprovince@nda.org.za
4059 Joule Street
Mafikeng
2749

IHHOVISI LESIFUNDAZWE SASEMPUMALANGA

Ucingo: 013 755 1478 / 013 755 3777
I-Imeyili: mpumalangaprovince@nda.org.za
Ground Floor, Biwater Building
16 Branders Street
Nelspruit
1200

IHHOVISI LESIFUNDAZWE SASENYAKATHO KAPA

Ucingo: 053 831 4828
I-Imeyili: northerncapeprovince@nda.org.za
13 Dalham Street
Kimberley
8301

1. Inqubo mgomo yokumisa ama-CSO ngokusemthethweni


Ngohlaka lokuthuthukiswa kwama-CSO lwakwa-NDA, i-NDA ilekelela, futhi yeseke uhlelo lokumisa ama-CSO ngokusemthethweni ukuqinisekisa ukuthi izinhlangano ezahlukahlukene, zithola usizo lokuthi zikhule futhi zibe semthethweni.

I-NDA, ngaphansi kwale nsika, yelekelela izinhlangano ukuba:

- Zizihlele zibe izinhlangano ezisemthethweni ukuze zifeze inhloso/izinhloso eziphokophele ukufinyelela kuyo/zo;
- Ziqoqe lonke ulwazi eziludingayo ukuze kubhaliswe uhlanga njengenhlangano esemthethweni njengeziNhlangozi Ezingenzi Nzuzo (Non-Profit Organisation) (ama-NPO) noma ama-Kho opharethivu;

- Zigcwalise amafomu okurejista ukuze zibhalise njengama-NPO noma ama-Kho opharethivu;
- Zilethe amafomu okurejista kunoma iluphi uhlanga olusemagunyeni ezifisa ukubhalisa ngaphansi kwalo (iHhovisi elengamele ama-NPO: uMnyango Wezenhlalakahle Nokuthuthukiswa Komphakathi NOMA Izinkampani kanye neKhomishane Yobuhlakani Bengqondo Yomuntu);
- Zihlolise izidingo zazo ngokucophelela ukuqinisekisa ukuthi uma sezirejistile aziphambani nomthetho wokurejista ezibhalise ngaphansi kwawo.

Isibonelo sokuthuthukiswa kwe-CSO



2. Ukuqiniswa kwama-CSO njengezinhlango

Ungenelelo lokuqinisa ama-CSO njengezinhlango kuhloswe ngalo ukuba kwakhiwe futhi kuhleleke amakhono ama-CSO njengezinhlango ukuze akwazi ukubhekana nezidingo zawo ohlelweni nokuhambisana kwawo nomthetho wokurejista kanjalo nokuyisa imibiko kulabo abaxhasa ngezimali. Uhlelo lugxile ekuqiniseni amandla enhlango kuma-CSO ukuqinisekisa ukuthi amakhono namandla awo okuphatha izinhlangano zawo nezinhlelo zazo ngempumelelo ayadlondlobaliswa. Izindlela ezisetshenziselwa ukwakha amakhono okusebenza ezinhlanganweni ilezi:

Ukuqeqesha

I-NDA ihlinzeka ngalezizifundo ukuqeqesha okusohlelweni nokuzimele:

- Ukugcinwa kwamabhuku nokuphathwa kwezimali
- Ukuphathwa kwezimo zokungaboni ngaso linye
- Ukuphathwa kwamaPhrojekthi
- Ukwengamela
- Ukufunwa kwezimali
- Ukuhambisana nezimfuno zokubhaliswa
- Izinkambiso zokuthuthukiswa komphakathi
- Ukwakhiwa kwamaxhama nobudlelwano nezinhlangano ezingaphandle

Ukunakekelwa

I-NDA ihlinzeka ivune iziwombe zokunakekelwa kwama-CSO ukuze kwesekeke imizamo yawo yokuqinisa izenzo zawo zokwengamela izinhlangano. Iziwombe zokunakekelwa zenzelwa endaweni yokusebenza yenhlangano.

Ukufukanyelwa

I-NDA isebenzisana nama-CSO asemnkantshubomvu nezinye

izikhungo zasendaweni ukusungula izizinda zokufukamela. Lezi zinda zisiza izinhlangano ezidinga ukufunda ukuba ziphucule izinhlelo nezinkambiso zazo. Izinhlangano ziye zinikezwe izeluleko nezibonelo ezisebenzisekayo ekuqiniseni izinhlelo zokwengamela, izinhlelo nezinqubo zenhlangano.

3. Ukuhlwayela ama-CSO izimali zikahulumeni neminye imithombo

Izimali zokweseka zikahulumeni zinikezwa lawo ma-CSO anegalelo ekuphuculeni izinga lempilo kumiphakathi ngezinhlelo noma ama-phrojekthi asiza abaswele. Kuhlonzwa imithombo yemali neminye bese isetshenziselwa ukweseka ama-NPO nama-CSO. Le misebenzi ibuye ilekelele ngokwethula ama-CSO kwezinye izikhungo zikahulumeni nezizimele, nabaseki ngezimali banganeno nabakwamanye amazwe, ukwengeza ukwesekwa.

Ngale nsika Yokuthuthukisa ama-CSO, i-NDA ihlinzeka le misebenzi elandelayo:

- Inhlolozindingo mayelana nezezimali zama-CSO
- Ukubhalwa kwezicelo zokuxhaswa ngezimali, ukuziphatha emihlanganweni ebukhoma
- Ukunikeza abangahle babe abaxhasi ngezimali ulwazi olubalulekile
- Izimali zokweseka ama-CSO maqondana nezinhlelo zentuthuko namaphrojekthi asemiphakathini eswele

- Ukuthuthukisa amasu okuhlwaya imithombo ngenhloso yokusimamisa inhlangano
- Ukuqamba, ukwenza nokuqapha imisebenzi yokuhlwaya imithombo.

4. Ukwakhela ama-CSO amaxhama ukuze asimame

I-CSO enokusimama yileyo ezokwazi ukuqhubeka nokwenelisa inhlosombono yayo nangesikhathi esizayo, ithi ikwenza loko, ihlangabezane nezidingo zababambi qhaza ababalulekile – ikakhulukazi labo esebenzela inzuzo yabo kanye nabaseki bayo. Kanjalo-ke, ukusimama kufanele sikubuke njengohlelo oluqhubekayo, kungabi yiyona mpokophelo. Kuwuhlelo olumbandakanya ukulumbana kwezingxeny ezehlukahlukene zesumgomo, zezinhlangano, zezinhlelo, zezomphakathi nezezimali.

Ngale nsika Yokuthuthukisa ama-CSO, i-NDA ihlinzeka le misebenzi elandelayo:

- Uhlolo lwezidingo mayelana namathuba amaxhama okusimama
- Ukuhlonza amathuba osimamo maqondana noseko mali nezimakethe zemikhiqizo nemisebenzi ehlinzekwa ama-CSO
- Ukwelikelela ukutholakala kwamathuba amaxhama osimamo endaweni, ezifundazweni, kuzwelonke, nasemazweni angaphandle
- Ukwelikelela ukuthi ama-CSO afinyelele kuzimali ezihlonziwe namathuba ezimakethe
- Ukwelikelela ama-CSO ukuthi akhe ubungane nezinye izinhlangano zasendaweni, zasezifundazweni nezakwamanye amazwe ezinentshisekelo nezimpokophelo ezifanayo nezawo.

UCWANINGO

Uhlelo lugxile ekwenzeni ucwaningo ekucwaningeni ukusebenza kuka NDA, nokuhambisana nohlelo lukazwelonke lwentuthuko. Nangaphezu kwaloko, uhlelo locwaningo lubuye luvule inkulumo mpikiswano nezingxoxo phakathi kwezinhlangano zikahulumeni, amabhezini azimele nomkhakha wama-CSO ngezindaba eziphathelene nenqubo mgomo kazwelonke yezentuthuko.

Uhlelo locwaningo lubuye lukhiqize imibhalo emayelana nezinkambiso eziphusile, lokho kugququzele ukwabelana ngolwazi olufundiwe nokwenza okuphusile kumkhakha wentuthuko yomphakathi. Kuye kume kanjena-ke:

- Iqoqo lemiphumela yocwaningo ehlinzeka ulwazi olunamasu okuphucula ukungeniswa kwezinhlelo zika- NDA nezokungenelela kuma-CSO
- Kusetshenziswa Iziphakamiso Ngezinqubo migomo ukuze loko kube nomthelela kuzingxoxo mpikiswano nokubonisana ngenqubo mgomo yentuthuko enomthelela kumkhakha wama-CSO
- Imibiko Yocwaningo ezosetshenziselwa ukukhanda amasu, nokuphumeleliswa nokwakhiwa kwezinhlelo ezintsha zentuthuko kumkhakha wama-CSO
- Imibiko yokuhlola yamaphrojekthi kanye nezinhlelo eziqaliswe i- NDA.